

Basola inkosi ‘ngokuqasha’ izingane zayo eMgababa

THOKOZANI NDLOVU

SISHUBILE isimo phakathi kwenkosi yaseMgababa, eSouth Coast uPhathisizwe Philbert Luthuli nesizwe sakhe, esimsola ngokuqasha izingane zakhe ezikhundleni zomkhandlu wayo.

Isolezwe Ngempelasonto lithole ukuthi impi ephakathi kwenkosi nesizwe isikwelinye izinga njengoba kuthiwa ngisho nesigungu sayo asihambisani nesenzo senkosi.

“Isimangazile inkosi uLuthuli eqasha izingane zakhe ukuthi zisebenze emkhandlwini wakhe. Bekunezikhundla zabantu ababili ebezivulekile, okungesikanobhala nesomuntu ohlanza enkantolo yesizwe. Esikamabhalane sivuleke ngenxa yokuthi inkosi ixoshe obekhona ngoba ubengahambisani nezinto ezenzayo.

“Ithe uma isimemezela ukuthi kuqashwe omunye, kwavunyelwana ukuthi kumele kube wumsebenzi okhangiswayo ukuze abantu bendawo bafake izicelo zomsebenzi. Bangingi abantu abafake izicelo ukuthi banikwe umsebenzi. Okuthusile ukuthi abantu bathe beletha izicelo kwafike kwathiwa sekuqashiwe lube lungakafiki nosuku okuvalwa ngalo ukufaka izicelo,” kusho umthombo.

Uqhuba umthombo, uthe umkhandlu uyibuzile inkosi ukuthi ngobani laba asebegashiwe, kwavela ukuthi isiqashe izingane zayo kuzona zombili izikhundla.

Lokho kuthiwa kususe umsindo kangangoba nomkhandlu kuthiwa ugcine usujamelene nenkosi ngesenzo sayo, yagcina isisele yodwa nomndeni wayo

ngoba akekho ohambisana nesenzo sayo.

Kuthintwa inkosi ngalolu daba ifune ukwazi ukuthi ngobani asebeluhambise ephephandabeni.

“Selokhu ngaba yinkosi kusuka ngo-1988, angikaze ngizwe kuthiwa sekungaze kuyiswe udaba lokuqashwa kukamabhalane emaphephandabeni. Kuyilungelo lami ukuthi ngingamqasha umabhalane. Njengoba ungazimisele ukuveza amagama abantu abakutshela lolu daba ngeke ngikwazi ukuphawula ngalo. Okunye okumele ukwazi ukuthi lolu daba akulona olwamaphephandaba, kungcono ungalubhali. Kufana nokuthi olomndeni njengoba luthinta isizwe nami. Udaba lomndeni ke kusuke kungelempepho akulona olokubhalwa emaphepheni. Laba abaluyise emaphepheni bafuna ukungihlambalaza nje,” kusho inkosi uLuthuli.

ULuthuli akaqali ukuba sematheni ngezinto ezithinta yena endaweni yakhe. Ngo-2018 kwake kwavela isikhalo somphakathi wakhe uthi uhlala ebonakala ezindaweni zobumnandi ephuza eshaya namavosho.

Umphakathi waphinde wasola inkosi ngokuthi idla imali yokudayisa izindawo endaweni yayo bese iyozitika ngeziphuzo. Kuyona le ndawo inkosi uLuthuli yake yaxabana nosomabhizinisi, uMnuz Edward Mpeko owayenendawo yokulala khona, waxoshwa yinkosi ngokungemthetho.

Leli cala lagcina liphelele eNkantolo eNkulu eMgungundlovu lapho kwaphuma phambili uMpeko kwathiwa akakhokhelwe nezindleko zecala.

Kuzobizwa ofakazi abayishumi kwelikathisha osolwa ngokusoconga umyeni

NKOSIKHONA CELE

BAZOBA yishumi sebebonke ofakazi ecaleni lokusocongwa kowesilisa waseMariannhill, okusolakala ukuthi wabulawa ngunkosikazi wakhe ebambisene noBen 10 ayesemqomile.

UMnuz Jabulani Mchunu (54), wahlaselwa esemzini wakhe ngabesilisa ababili bamdubula bambulala esigamekweni esenzeka ngonyaka owedlule.

Ngemuva kwalokho kwaboshwa umkakhe uNkk Gugu Mchunu (50) owayenguthisha efundisa esikoleni samabanga aphantsi, iBruyns Primary.

Kwaboshwa nesoka lakhe elinguBen 10, uMnuz Lindani Phungula (30). Bobabili basolwa ngokuba ongqondongqondo ekuhlanganiseni itulo lokusocongwa kukamufi.

Bafaka isicelo sebheyili inkantolo yabachitha ikhala ngokuthi izizathu zabo azinaso isisindo esanele sokuba bangadedelwa babe ngaphandle.

Izolo eNkantolo eNkulu yaseThekwini, uMshushisi uSenior Prosecutor T. Mbokazi utshele iJaji uMohani Moodley ukuthi bazoba yishumi sebebonke ofakazi azobabiza uma leli cala seliqala ukuqulwa ngoNovemba 3 nonyaka.



UNkk Gugu Mchunu obhekene necala lokubulala umyeni wakhe
Isithombe : SITHUNYELWE

“Bazoba yishumi sebebonke ofakazi engizobabiza bezofakaza kabanzi ngabakwaziyo mayelana nokubulawa kukamufi. Ngiyethemba ukuthi ubufakazi babo buzoyilekelela kakhulu inkantolo,” kuchaza uMbokazi.

Ngosuku abulawa ngalo umufi umkakhe wayengekho kuthiwa wayegodukile eye kubo eNquthu. Kuthiwa wayefuna ukukhanda isithombe sokuthi akaxhumene nokubulawa kukamuyeni wakhe ngoba kwenzeke egodukile. Kodwa uphenyo lwamaphoyisa lwaholela ekutheni kuboshwe yena noBen 10.

Kuvela ukuthi uNkk Mchunu wasoconga umyeni wakhe ngoba nakhu efuna ukuzuza amafa awadle nesoka elisha.

Isolezwe Ngempelasonto labika kabanzi ngalesi sigameko. Lapho khona ilungu lomndeni lalikade ligeqa amagula likhuluma ngokuphatheka kabi komndeni.

Laveza ukuthi umufi uyena owafundisa uNkk Mchunu waze wathola iziqu zobuthishela. Lakhala ngokuthi wayengazi umufi ukuthi usondeza inyoka ezomqhofoza ikhanda ngelinye ilanga.



NDWEDWE LOCAL MUNICIPALITY
UMASIPALA WASE - NDWEDWE

INTENTION TO AWARD

Notice is hereby given to all bidders in terms of Regulation 49 of the local Government Municipal Finance Management Act Supply Chain Management Regulation that Ndwedwe Local Municipality intend to award as follows:

PROJECT NAME	A PANEL OF TRAVEL MANAGEMENT AGENCIES FOR A PERIOD OF 36 MONTHS
BID NO.	NDWP 75/23/24
RECOMMENDED BIDDER	1. City of Choice 2. Travel For Change 3. Travel With Flair 4. Cheap Cheap Travel

Objections to this award must be made within fourteen (14) days to the Municipal Manager starting from 17/08/2024 to 30/08/2024.

Contact person: Ms M Nkabinde (032) 532 5015

MR DSG KHUZWAYO
MUNICIPAL MANAGER



higher education & training
Department:
Higher Education and Training
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



KwaZulu Natal CET College, in collaboration with the Purchasing the Consortium Southern Africa (PURCO SA) hereby invites experienced Service Providers for the following tenders:

TENDER NUMBER	TENDER DESCRIPTION	COMPULSORY INFORMATION SESSION DATE, TIME AND VENUE (PUNCTUALLY)	CLOSING DATE
PU8611/010	The Provision of Learner Teacher Support Material (Stationery)	Date: 26 August 2024 Time: 10h00 – 11h00 An online Compulsory briefing session will be facilitated via MS Teams	CLOSING DATE AND TIME: 09 September 2024 at 11:00 hrs (am) online.
PU9012/039	The rendering of Travel Management Services	Date: 26 August 2024 Time: 11h00 – 12h00 An online Compulsory briefing session will be facilitated via MS Teams	

Tender documents are available at a **non-refundable fee of R1 150.00 (VAT included)** on the PURCO SA website. Documents shall only be obtainable from **18 August 2024**.

In order to download the tender document, the steps below should be followed:

- Visit **www.purcosa.co.za**
- Click on required RFP in the block provided for Tenders and RFP's
- Click on the **pay now** button.
- System will make documentation available for downloading, immediately after conclusion of payment.

BIDDERS CAN VIEW THE SPECIFICATION AT NO COST, ON OUR WEBSITE, BEFORE PURCHASING TENDER DOCUMENT/S.

Address ALL QUESTIONS to Mr. Sipho Ndlovu Landline 011 545 0974 or at email: sipho.ndlovu@purcosa.co.za.

Tender document Enquiries: Ms. Shumikazi Ndamase, Landline 011 545 0951 or email: Shumikazi.ndamase@purcosa.co.za

Tender submissions will be electronic. No hard copy, USB, faxed or e-mailed submissions will be accepted.

CLOSING DATE AND TIME: 09 September 2024 at 11:00 hrs (am) online

KwaZulu Natal CET College does not bind itself to accept the lowest bid and reserves the right to accept the bid as a whole, in part or not at all. KwaZulu Natal CET College is committed to both the principle and practical implementation of the Procurement Policy of Broad-Based Black Economic Empowerment (B-BBEE). Facsimile, late and/or electronic tenders will not be accepted.



purco
PURCHASING CONSORTIUM
SOUTHERN AFRICA NPC
ISO 9001:2015 certified company